

**AMALUNGISELELO ENGQUNQUTHELA KWISIFUNDABHISHOBHI
ESIKHULU SASETHEKWINI
ISONTO 1 LOMKHULEKO**



“SISOHAMBWENI SONKE, SIMEMEZELA IVANGELI”

Umkhuleko weNgqungquthela ISinodi: adsumus Sancte Spiritus (Simi Phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo”

Yonke imibubatho ya-Vatican wesibili iqala ngomkhuleko othi adsumus Sancte Spirit, okungamazwi okuqala esiLathini, okusho ukuthi, “Simi Phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo”, okungumlando osetshenziswa kwimikhandlu, amaSinodi kanye nako kunye ukuhlangana kweBandla iminyaka engamakhulukhulu eyedlule, ibhekiswe ku-Santa Isidore wase Sevilla (c. 560-4 April 636). Njengoba silungiselela le-Sinodi, lomkhuleko umema uMoya Ocwebileyo ukuba usebenze kithina ukuze sibe umphakathi nabantu abanothando. Masi zibophezele ekukhulekeni lomkhuleko zonke izinsuku.

**Simi phambi Kwakho, Moya Ocwebileyo,
Njengoba sihlangene egameni Lakho.**

**Sinawe uqobo ukuba usiqaphe,
Zizwe usekhaya ezinhliziyweni zethu;
Sifundise indlela okumele siyihambe
Nokuba sizoyihamba kanjani.**

**Sinteke-nteke futhi sigcwele ukona;
Ungasenzi ukuba sikhuthaze okungalungile.
Ungasenzi ukuba ukunganaki kwethu kusiholele endleleni engalungile
Nokuthi kubekhona okusenzisa kona.**

**Asithole Kuwe ubunye bethu
Ukuze sihambe nawe empilweni yaphakade
Singaphambuki endleleni yeqiniso
Nakulokho okulungile.**

**Konke lokhu sikucela Kuwe
Wena ohlala usebenza kuzo zonke izindawo nesikhathi,
Ekuhlanganyeleni noYise beneNdodana, ngezikhathi zonke
Amen.**

Thola kafushane Imibhalo EyiNgcwele Yansuku zonke:

- **ISonto, 17 October: NgokukaMarkus 10:35-45**
- **NgomuSombuluko: NgokukaMarkus 1:14-21**
- **NgoLwesibili: NgokukaMarkus 10:21**
- **NgoLwesithathu: NgokukaMathewu 28:16-20**
- **NgoLwesine: NgokukaLuka 9:1-6**
- **NgoLwesihlanu: NgokukaLuka 10:1-3;17**
- **NgoMgqibelo: NgokuJohanisi 17:17-23**

Umzindlo wakuleliviki utholakala ku: “Sisohambweni ndawonye, simemezela iVangeli”

Njengoba uJesu Kristo waqala ukwenza imisebenzi yakhe yokholo esidlangaleni, abesilisa nabesifazane abanemibono eyahlukahlukene, izinkolelo, kanye namasiko, bamlandela. Bonke babe bamukelekile futhi baziwa. Bendawonye noJesu bahamba ndawonye endleleni yokholo, bemulalela, befunda kuye, bebona izigameko Kuye. Kwathi isikhathi esifanele sesifikile, wathuma ukuba baye kwamanye amadolobha ukuba bayokwabela abanye ngemisebenzi Yakhe. Akabathumelanga ngabodwana kepha wabathuma ngamaqoqo ukuba bakhulume, balaphe futhi babuyisane nomhlaba ubuyele kuNkulunkulu nokuzithoba kubantu bonke.

NgoMbhabhadiso wethu sabelana ngalomsenzi, akusiwo umsebenzi womuntu ngayedwa kepha kuwumsebenzi wokubambisana, kuwumsebenzi weBandla, lelo sonke esiyingxenywe yalo.

IBandla aliphili ngalodwana kepha liphila emiphakathini emikhulu. Umsebenzi wethu siyiBandla kumele ufake labo abaseduze nathi. Sonke sibiziwe ukuba sibathande, sibankekele, sibasize kepha okukhulu kunakho konke sibiziwe ukuba sihambe nabo.

Sisohambweni ndawonye, simemezela iVangeli kuqala ngendlela engiphendula ngayo ekubizweni uNkulunkulu nangeqhaza lami engilidlalayo emisebenzini kaKristo futhi akugcini lapho. Kumele kusabalalele eBandleni kanye ekugcineni kudlulele ngale kweBandla.

Umkhuleko wakuleliSonto

Baba OseZulwini,

Wakhetha thina wasibiza ukuba sibe amadodana kanye namdodakazi akho.

Ngaphandle kothando lwakho olungapheliyo wathuma iNdodana Yakho ezelwe yodwa, uJesu Kristo, ukuba asisize asikhulule.

NgoMoya Owebileyo wasipha amandla ukuba sikhulume umyalezo Wakho umhlaba wonke. Njengoba sisohambweni singamalunga Omzimba ka Kristo, sengathi loyoMoya ofanayo ungavuselela kithina ubukhona bothando Lwakho nozwelo njengoba siwugcinele ukukhuluma iVangeli, sithemba ngasosonke isikhathi ukulunga kwakho.

Sikucela lokhu ngoKristo iNkosi yethu

Amen

Sithemba ukuthi nizongena kahle kulesigaba sokulungiselela iSinodi yethu siyisiFubdaBhishobhi Esikhulu saseThekwini sivulelekile kuMoya Owebileyo futhi sinentshisekelo yokuba sikhule sisondele kuNkulunkulu nakuthina sonke njengoba Sakha "sisohambweni ndawonye, simemezela iVangeli", neSonto elizayo sizobe sikhulekela ukuba sivuleleke emisebenzini yeBandla

Archbishop Mandla